**THE STANDARD BANK OF SOUTH AFRICA LIMITED ("STANDARD BANK/WE/US/OUR") TERMS AND CONDITIONS IN RESPECT OF THE INGOMA EZOHLUKANISA UNYAKA 2020 COMPETITION ("COMPETITION") ("TERMS")**

***Please read the Terms carefully and pay special attention to the clauses that are in bold, as they may limit our liability (responsibility) or involve some risk to you.***

1. **DURATION**

Umncintiswano uqala ngomsobuluko, 21 December 2020 uvalwe ngo 13H00 ngezi 31 December 2020 (isikhathi somncintiswano.

2. **REQUIREMENTS**

2.1 Ukuze ukungenele kulo Mncintiswano kufanele ube nazo zonke lezi zidingo ezilandelayo:

2.1.1 Kumele ubeneminyaka engu 18 noma ngaphezulu ubudala.

2.1.2 Kumele ube isakamuzi sase Ningizimu Africa, ubenomazisi osemthethweni.

2.1.3 Permanently reside in the Republic of South Africa; and

2.1.4 Kumele ube isakhamuzi esihlala e - Republic of South Africa; futhi

2.1.5 Ube ikhasimende lakwa Standard Bank kusukela ngezi 31 December 2020, ukuze imali yakho iphindwe kabili.

3. **HOW TO ENTER**

3.1 Ukuze ungenele lomncintiswano, kumele uvotele ingoma yakho eyintandokazi ngesikhathi somncintiswano. Uthumele I SMS negama elithi – INGOMA ku 33665 kanye nohlamvu lwengoma oyikhethayo.

3.2 Awekho amafomu okufanele uwagcwalise futhi uma unazo zonke izidingo ezibekwe esigatshaneni sesi-2 nesesi-3, uzofakwa kuloMncintiswano.

3.3 Ungangenela loMncintiswano amahlandla amaningi ngokuthanda kwakho, kepha ungawina kanye kuphela.

3.4 Awukwazi ukungenela loMncintiswano uma usuke wawina noma yimuphi umklomelo oKhozini FM ezinyangeni ezintathu ezedlule.

4. **PRIZES**

4.1 Abangenele baba sethubeni lokuwina umklomelo wemali engu-R5 000 okuyimali ezophindwa kabili uma ene-akhawunti yase-Standard Bank (Umklomelo).

4.2 Abaphumelele abayisithupha bazokhethwa ngokungahleliwe oKhozini FM kubobonke abangenele ngesikhathi somncintiswano. Abaphumelele bazothintwa ukuze babelane ngezinkumbulo emoyeni ngomhlaka 31 December 2020 phakathi kuka-20H00 no-22H00 ngezingoma abazivotele.

5. **GENERAL**

5.1 Singabagqugquzeli bomncintiswano. Noma yikuphi ukubhekiswa kithina kubandakanya ama-directors wethu, amalungu, ozakwethu, abaxhasi, abenzeli noma abaxhumanisi, lapho umongo uvuma khona.

5.2 Awukwazi ukubamba iqhaza kulo Mncintiswano uma:

5.2.1 ungumqondisi, ilungu, umlingani, isisebenzi, i-ejenti noma umeluleki wethu;

5.2.2 uyilungu lomndeni eliseduze lanoma yimuphi umuntu obalulwe esigatshaneni

5.2.3 5.2.1; noma

5.2.4 ungumxhasi walo Mncintiswano.

5.3 Lemigomo ilawulwa ngumthetho Wokuvikelwa Kwabathengi u-68 ka-2008

5.4 Lemigomo isebenza emncintiswaneni nakuyo yonke imininingwane ephathelene noMncintiswano (kufaka phakathi noma iyiphi impahla yokukhuthaza noma yokukhangisa eshicilelwe).

5.5 Ngokungenela lomncintiswano, bonke abangenele bayavuma ukulandela lemigomo.

5.6 ***Sinelungelo lokuchibiyela lemigomo.***

5.7 Bonke abawine umklomelo, ngaphezu kokuhambisana nalemigomo kanye neminye imigomo nemibandela engahle ibekwe yiStandard Bank kanye no-Ukhozi FM ngezikhathi ezithile, kumele bahambisane nemibandela yabagqugquzeli, abahlinzeki kanye nabesithathu ababambe iqhaza kulomncintiswano (uma kudingeka).

6.

6.1 Imiklomelo (njengoba kusebenza) izofakwa kuma-akhawunti asebhange wabawinile lapho sekutholwe imininingwane yabo yasebhange.

6.2 ***Thina no-UKhozi FM kufanele sicubungule imininingwane yakho yangasese (kufaka phakathi igama eliphelele nesibongo, inombolo kamazisi, imininingwane yokuxhumana nemininingwane ye-akhawunti yasebhange) ukuqinisekisa ukungena kwakho futhi uma uwine umklomelo ukuze wenze uthole umklomelo. Ngokungenela lomncintiswano, uyasivumela thina no Ukhozi FM ukucubungula imininingwane yakho yangasese ngale njongo. Uma ungavumi ukucubungulwa kolwazi lwakho, sicela ungangeneli lomncintiswano.***

6.3 ***Singasho ukuthi awukwazi ukuthola umklomelo, futhi singakhetha omunye umuntu ozophumelela, uma:***

6.3.1 ***ukungena kwaloyo owinile kungavumelekile;***

6.3.2 ***ozuze umklomelo wephule lemigomo noma imigomo yoKhozi FM etholakala kuwebhusayithi yoKhozi FM***

6.3.3 ***owine umklomelo engatholakali uma ethintwa noma angawamukeli umklomelo kuzekuphele izinsuku ezingu-90, kusukela osukwini athintwa ngalo mayelana nomklomelo;***

6.3.4 ***owine umklomelo uma edela umklomelo wakhe noma uma sithola ukuthi uwudelile umklomelo wakhe;***

6.4 Uma knokungazwani mayelana nale migomonoma umncintiswano, isinqumo sethu ngeke sashitsha futhi siyisibopho. Akukho zincwadi ezizo fakwa.

6.5 Uma abawine umklomelo bevumelana nawo, singashicilela igama labo kanye / noma isithombe kunoma yikuphi ukukhangisa kwangaphakathi, kwangaphandle noma okokukhangisa izinyanga eziyi-12 kusukela osukwini lapho owine umklomelo awamukela. Sizonquma uhlobo nokusatshalaliswa kwalezi zinto. Uma owine umklomelo engavumi ukushicilelwa kwegama lakhe kanye / noma isithombe, owine umklomelo usazowuthola umklomelo.

6.6 Umklomelo awukwazi ukushintshaniswa nganoma iyiphi enye into. Kodwa-ke sinalo ilungelo lokufaka umklomelo nanoma yimuphi omunye umklomelo wenani elifanayo lokuhweba.

6.7 Asinacala uma ukungenela kwakho kungaphumelelanga noma owine umklomelo engawutholi ngempumelelo noma awuthathe umklomelo nganoma yisiphi isizathu, kufaka phakathi nokwehluleka kwe-***technological.***

6.8 ***Asinacala ngokulahlekelwa noma ukulimala kwakho noma omunye umuntu wesithathu ongahluphek ngenxa yokubamba iqhaza emncintiswaneni noma ekwamukeleni umklomelo.***

6.9 Uma uNgqongqoshe Wezohwebo Nezezimboni, iKhomishini Kazwelonke Yabathengi noma nganoma yisiphi esinye isizathu, singawuqeda umncintiswano ngokushesha noma ngaphandle kokukwazisa. Uma lokhu kwenzeka, kuphela (unikele) noma yimaphi amalungelo ongahle ube nawo kithi futhi ngeke kube nesicelo osifaka kithi.